## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Umbhalo ofundwayo | (20) |
| ISIQEPHU B: Umbhalo obukwayo | (10) |
| ISIQEPHU C: Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU D: Izakhiwo nezimiso nokusetshenziswa kolimi. | (20) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.

5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe emibuzweni.

6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye

7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-20
ISIQEPHU D: Imizuzu engama-40

9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

**UMNCINTISWANO WONOBUHLE (BEAUTY CONTEST)**

Ziningi izinhlobo zemincintiswano yoNobuhle emhlabeni. Umncintiswano woNobuhle boMhlaba (Miss World) waqala ngonyaka we-1951. Kulo mncintiswano kungenela izintokazi eziphuma emazweni ahlukene ukuzomela amazwe azo. Kusuke kukhethwa intokazi enhle nehlakaniphile kunazo zonke.

Intokazi eyaphumelela umncintiswano wokuqala woNobuhle boMhlaba kwakunguKicki Hakansson wasezweni lase-Sweden. Baningi abanye abalandela emva kwakhe. ENingizimu Afrika uNobuhle wokuqala woMhlaba kwaba ngu-Louise Crous ngonyaka we-1963. Lokhu kwanika izwe laseNingizimu Afrika umdlandla (courage) wokuthuthukisa imincintiswano yoNobuhle.

Ngesikhathi iqala le mincintiswano eNingizimu Afrika kwakungenela abaMhlophe kuphela. Ngonyaka we-1993 waqala wavulela zonke izinhlanga (races). Intokazi yokuqala eMnyama eyawina isicoco sokuba nguNobuhle wase Ningizimu Afrika ngalo nyaka kwaba ngu-Jacqui Mofokeng. Lokhu kwaqopha umlando.

Kunemithetho eminingi elandelwayo ukuze ungenele umncintiswano woNobuhle baseNingizimu Afrika. Ungenelwa kuphela yizintokazi ezizalelwe eNingizimu Afrika, ezineminyaka ephakathi kweyi-18 nengama-27 futhi zibe nesitifiketi sikaMatikuletsheni noma ngaphezulu.

Intokazi eshadile, esithenjiswe umshado nenengane ayivunyelwe ukungenela lo mncintiswano. Okubalulekile ukuthi akubhekwa ubuhle bobuso nokuma kahle komzimba kuphela kodwa kubhekwa indlela abaphendula ngayo imibuzo nokuzethemba kwabo. Intokazi ewinile iba neminyaka emibili iphethe isicoco (title) sokuba nguNobuhle. Ngesikhathi isaphethe lesi sicoco ayivunyelwe ukuthola ingane uma ingakashadi, ukuqhubeka nezifundo zayo nokusebenza kuze kuphele iminyaka emibili.

Owinile uba nohlelo lwemisebenzi okufanele ayenze emiphakathini ehlukene yaseNingizimu Afrika. Isikhathi esiningi izintokazi zikhetha izinhlelo zokusiza abesifazane nezingane, ezemfundo, okuphathelene nabantu abasha nokunye. UNobuhle wezwe uwina izinto eziningi; imoto, imali, ubucwebe, ukuhambela kwamanye amazwe mahhala nokumenywa emicimbini emikhulu. Ngesikhathi somncintiswano izintokazi zifaka izicathulo zazo ezinde zigqoke nezimpahla zokubhukuda. Zifika esiteji zimodele phambi kwezibukeli/ kwezethameli kanye namajaji zibe zizethula/zizazisa. Emva kwalokho izintokazi zingena sezigqoke izingubo zikanokusho.

Abanye besifazane abangenela lomncintiswano baqala besebancane lapho bengenela oMiss basemadolobheni kuye ezifundazweni kugcine sekungenelwa uMiss wezwe. Yize kukuhle ukungenela le mincintiswano kodwa bakhona abakubona lokhu kungukululaza abesifazane ngokuthi baveze imizimba yabo. Kunezinkole ezingahambisani nalokhu ngoba zihlonipha umzimba olithempeli likaNkulunkulu.

[sicashunwe ephephandabeni 'Illanga"]

1.1 Ngubani owawina umncintiswano okukuqala? (1)

1.2 Waqala nini umncintiswano wonobuhle bomhlaba? (1)

1.3 Izintokazi ezivela kuphi ezingenela lo mncintiswano? (1)

1.4 Owakuliphi izwe uKicki Hakansson? (1)

1.5 Ubani igama likanobuhle wokuqala waseNingizimu Afrika owawina lo mncintiswano? (2)

1.6 Gcwalisa lo musho olandelayo ngegama elifanele.
Imincimtiswano yonobuhle yayingenelwa …. kuphela. (1)

1.7 Kwaqalwa ngamuphi unyaka eNingizimu Afrika ukuvumela zonke izinhlanga ukuba zingenele umncintiswano wonobuhle bomhlaba? (1)

1.8 Bhala imithetho EMIBILI elandelwayo ukuze uvunyelwe ukungenela lo mncintiswano wonobuhle eNingizimu Afrika. (2)

1.9 Izintokazi ezinjani ezingavumelekile ukungenela lo mncintiswano. Bala OKUBILI. (2)

1.10 Isicoco sikanobuhle womhlaba siphathwa iminyaka emingaki ngophumelele? (1)

1.11 Yiziphi izinto EZIMBILI intokazi engavunyelwe ukuzenza uma isaphethe lesi sicoco? (2)

1.12 Bala izinto EZINTATHU intokazi engaziwinela zona kulo mncintiswano? (3)

1.13 Wena uyakuthanda ukungenela umncintiswano wonobuhle? Chaza ngephuzu ELILODWA. (2)

**[20]**

**ISIQEPHU:A 20**

**ISIQEPHU B: UMBHALO OBUKWAYO**

**UMBUZO 2**

Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO OBUKWAYO**

**AMASOPHI ASENINGIZIMU AFRIKA**




2005 – e-tv
4,7 mil ababukeli
Umdlali oqavile:Quintine
Izilimi: IsiBhunu, IsiNgisi, Sesotho, IsiXhosa nesiZulu




2020 – Mzansi Magic
64,7 mil ababukeli
Umdlali oqavile: Melusi
Izilimi: IsiNgisi, Sesotho, IsiXhosa nesiZulu




2016
9,6 mil
Umdlali oqavile: Nkunzi Mhlongo
Izilimi: IsiZulu, IsiTsotsi nesiNgisi




1993 – SABC 1
3,9 mil ababukeli
Umdlali oqavile:Jack Mabaso
Izilimi: IsiNgisi, SeSotho, IsiXhosa nesiZulu




2016 Mzansi Magic
9,8 mil ababukeli
Umdlali oqavile: Harriet Khoza
Izilimi: IsiNgisi, Sesotho, IsiXhosa nesiZulu




1997
4,4 mil ababukeli
Umdlali oqavile: James Matsami
Izilimi: Tshivenda, IsiNgisi, Sesotho, IsiZulu nesiXhosa

[Izithombe nolwazi kucashunwe ku-googlepics-2020]

2.1 Awakuliphi izwe lawa masophi avezwe lapha? (1)
2.2 Yiyiphi isophi enababukeli abaningi? (1)
2.3 Sekuphele iminyaka emingaki yaqalwa ukusakazwa iGeneration? (2)
2.4 Bhala ulimi olusetshenziswa uZalo olungekho emthethweni? (1)
2.5 Iyiphi isophi enabalingiswa abaningi lapha? (1)
2.6 Kungani uZalo lungavumeli izingane zilubuke? Sekela impendulo yakho ubhekise esithombeni. (2)
2.7 Amasophi amaningi ayabaphazamisa abafundi abaningi. Sekela lo mbono. (2)

**[10]**

**ISIQEPHU B:10**

## ISIQEPHU C: UKUFINGQA

### UMBUZO 3

Fundisisa UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngokubalulekile ongakwenza ukufundela izivivinyo.

IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UKUFUNDELA IZIVIVINYO**

Imiqondo yethu ingakwazi ukuthatha iphinde igcine ulwazi oluningi, kodwa kumele siyinike isikhathi esanele ukuba yenze lokho . Kubalulekile ukuba sizinikeze isikhathi sokufunda esanele ukugwema ingcindezi yokuzama ukubamba ulwazi oluningi sekusele isikhathi esincane sokubhala izivivinyo. Lokhu singakwenza ngokunciphisa isikhathi esisichitha sidlala.

Ukulungiselela ukufunda kuqala ngesikhathi usahlela ithebula lokufunda oluhambisana nezikhathi ozobe ufunda ngazo. Kubalulekile ukuhlela izinsuku nezifundo ozozenza ilanga nelanga.

Kuningi okungasisiza sifundele izivivinyo ngempumelelo. Singabala isimo sendawo yokufundela, ukukhanya okukuleyo ndawo kanye nomsindo ongaba khona. Enza isiqiniseko sokuthi ukhetha indawo yokufunda ehambelana nawe futhi ezokwenza ukufunda kube lula. Abanye bathanda ukufundela endaweni ethule, kanti abanye bakhonze ukudlala umculo uma befunda.

Ukusebenzisa amaphepha ezivivinyo ezabhalwa kudala enye yezindlela ongayisebenzisa ukuthola indlela esetshenziswayo ukubuza imibuzo. Ozobhala kufanele aqinisekise ukusebenzisa amaphepha ezivivinyo zakudala ukuzicija. Lokhu kukusiza nangokuthi ujwayele amagama nolimi olusetshenziswa ezivivinyweni uma kubuzwa imibuzo.

Abanye abafundi basiqonda kangcono isifundo uma bexoxa ngaso nabanye. Kubalulekile ukuhlangana nabanye abafundi abenza isifundo esenzayo ukuze nixoxe niphinde nibinisane ngaso. Lokhu kusiza kakhulu uma ubhala ngoba akulula ukuthi ukhohlwe yinto obuxoxa ngayo.

Ingqondo kuyenzeka ikhathale igcine ingasalwamukeli kahle ulwazi olusha. Lokhu kwenzeka uma sifunda ngaphandle kokuthatha ikhefu, nokuyinto engamosha isikhathi. Kubalulekile ukuthatha inhlabakhefu uma sifunda ukuze siphumuze ingqondo. Kule nhlabakhefu singadla, sithole isiphuzo noma sidlale umdlalo othile.

Ukuzihlola enye yezindlela ezibaluleke kakhulu umfundi angazisebenzisa ukuqeqeshela isivivinyo. Ungakwenza lokhu ngokuba ufingqe lokho ozobe usukufundile noma uzakhele imibuzo ozoyiphendula. Enza isiqiniseko sokuthi uhlola ulwazi lwakho uma ufunda. Lokhu kungavuselela ukuzithemba kwakho uphinde ubone lapho ohluleka khona.

Ubuchwepheshe besimanje benza ukuthi abantu abaningi bahlezi bekomakhalekhukhwini besebenzisa izinkundla zokuxhumana. Kukhona izinhlelo zokusebenza (*app*) abafundi angazisebenzisa ukufunda izifundo zabo. Kubalulekile ukuthi abafundi basebenzise ubuchwepheshe besimanje ngendlela ezothuthukisa imfundo yabo. Lokhu kungenza impilo yabo ibe lula.

**ISIQEPHU C:10**

**ISIQHEPHU D: IZAKHIWO KANYE NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 4**

Fundisisa UMBHALO D bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO D OFUNDWAYO**

**Amaholide abalulekile**

Uthando lokugubha amaholide luya ngokwehla minyaka yonke. Amaholide amaningi kawasenawo lowaya myalezo abekade enawo. Sivela emaholidini amabili amakhulu elamhla zingama-27 Ephreli naleli likamhlaka 1 Meyi. Abantu ububezwa bekhuluma ngempelasonto enkulu. Bebengakhulumi ngokubaluleka kokwenzeka ngalezi zinsuku zombili. Iholide lika 1 Meyi liyiholide labasebenzi elaqala eMelika lapho abasebenzi babetelekela ukusebenza amahora amade. Leli holide liqale ukubungazwa lapha ngonyaka ka1994.

Iholide lamhlaka 27 Ephreli liyisikhumbuzo kuwo wonke umuntu walapha eNingizimu Afrika. Yilapho okokuqala wonke umuntu kwakungakhathalekile ukuthi ibala lakhe linjani, babevotela uhulumeni wentando yeningi. Kwakuqala ukuba abantu abamnyama bavote. Bakhetha uNelson Mandela waba ngumongameli wokuqala onsundu.

4.1. Tomula amabizo akulezi zigaba endabeni engenhla.
*Isibonelo: Isigaba 2 > Abantu*

4.1.1 Isigaba 11 (1)
4.1.2 Isigaba 6 (1)
4.1.3 Isigaba 1 (1)

4.2. Bhala izinhlobo zamabizo alandelayo
*Isibonelo: umculo = ibizonto*

4.2.1 Iholide (1)
4.2.2 ibala (1)
4.2.3 abasebenzi (1)

4.3. Bhala uhlobo lwesabizwana olubhalwe ngokunzima kule misho elandelayo.

**4.3.1** Amaholide amaningi kawasenawo **lowaya** myalezo (2)
**4.3.2** Yilapho okokuqala **wonke** umuntu avota khona. (2)

4.4. Kule misho elandelayo dwebela igama eliyisichasiso.
4.4.1 Amaholide amaningi kawasenawo lowaya myalezo. (1)
4.4.2 Abantu ububezwa bekhuluma ngempelasonto enkulu. (1)
4.4.3 Uthando lokugubha amaholide luya ngokwehla. (1)
4.4.4 Kwakuqala ukuba abantu abamnyama bavote. (1)

4.5. Bhala umqondo ovezwa izakhi ezibhalwe ngokunzima kule misho elangelayo.
4.5.1. Amadoda**kazi** akhe asalihlonipha leli holide. (1)
4.5.2. Indod**ana** yakhe yayilubona njengosuku olujwayelekile. (1)

4.6. Bhala ukuthi amagama abhalwe ngokugqamile akhomba yiphi impambosi.
4.6.1. Kulolu khetho **kwakhethwa** uNelson Mandela. (1)
4.6.2. Kuningi **okwenzeka** emva kuka Meyi 1. (1)
4.6.3. Mina ngithe **ukufundafunda** ngalawa maholide. (1)

4.7. Sebenzisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho liveze enye incazelo
4.7.1. Umuntu kwakungakhathalekile ukuthi **ibala** lakhe linjan.i (1)

**ISIQEPHU D: 20**
**ISAMBA SEPHEPHA LONKE: 60**